**Ngu Mongameli**
**uHenry B. Eyring**
Umkhandlu wokuqala
kubuMongameli Bokuqala



# Ukuzimisela Ngokulungileyo

Enye yezinjongo yokufa ngonkwenyama ukubonisa kuNkulunkulu ukuthi sizakugcina imithetho Yakhe lapho lokho kudinga isibindi. Sadlula kulesosivivinyo ezweni langomoya. Kepha omunye wesithathu wasezulwini walwa ngokuphikisa isicelo ukuthi bona bavivinywe empilweni yangenyama lapho kwakunengozi ukuthi bangahluleka.

Ngaphambi kokuba sizalwe, sasimazi uNkulunkulu uBaba kanye neNdodana Yakhe, uJesu Krestu, ngokwethu. Sasikwazi ukubabona futhi sibalalele Bona njengoba Besifundisa futhi besikhuthaza. Manje ingubo ibekiwe ezingqondweni zethu kanye nasekukhumbuleni. uSatani, ubaba wamanga, ungaphambili ngokuba thina kumele sibone iqiniso ukuba singobani ngaphandle kwamehlo okholo, ngenkathi imizimba yethu isenza singene esilingweni futhi nokuba lula komzimba.

Sino sizo olukhulu olusinikeza isibindi thina kulempilo. Olukhulu Ukuhlawulela kuka Jesu Krestu Ngenxa yalokhu Yena akwenza, izono zingahlanzulula emanzini okubhabhadisa. Singavuselela lesosibusiso lapho sithabatha isidlo sangesonto ngokholo futhi ngenhliziyo eguqukileyo.

Izipho zomoya ezinye zosizo. Sithola Umoya kaKestu ekuzalweni. Okusinikeza amandla ukwazi lapho ukhetho ngaphambi kwethu kuzasiholela eduzane nempilo yangaphakade. Izincwadi zenkolo zingumholi wempela lapho sifunda zona ngoMoya Ongcwele njengomngani wethu.

uMoya Ongcwele usivumele ukuba sizibonise ukubonga futhi sicele usizo emthandazweni ngokuchaziwe futhi ngokuzithemba thina esike sakujabulela kanye noBaba wethu Wasezulwini futhi esizakuzithola ngenkathi sibuyela kuYena. Ukukhulumisana noNkulunkulu kusiza ukususa ukwesaba ezinhlizweni zethu njengoba kwakha ukholo futhi nothando lukaBaba Wasezulwini kanye no Jesu Krestu.

Ubupristi obungcwele businikeza thina isibindi kumsebenzi wethu. Kuzimiso thina sithola amandla ukusebenzela abantwana bakaNkulunkulu futhi sime siqine emfundisweni yobukhohlakali. Ngenkathi Yena esibiza ukuba sisebenze, sinalesithembiso: "Futhi loyo onitholayo, kuzakuba futhi, ngizakuya phambi kobuso bakho. Ngizoba ngasesandleni sakho sokudla, futhi uMoya wami uzakuba ezinhlizweni zenu, futhi izingelosi zami zizungeze nina, ukuze zinibonise nina" (D&C 84:88).

Umprofethi uJoseph Smith emisebenzini wakhe wayenaso isizathu sokwesaba. Kepha uNkulunkulu wamunikeza isibindi nalesiqiniseko sesibonelo sikaThisha:

"Futhi uma wena uzakuphonselwa emgodini, noma ezandleni zababulali, futhi isigwebo sokufa sinikezwa wena; uma wena uzakuphonselwa emgodini oshona ngaphansi kakhulu; uma umoya okubhaluni ushesha ukulwa nawe; uma imimoya ethukuthele iba izitha zakho; uma amazulu ahlangana ngobumnyama, futhi zonke izinto

zihlangana ukubalekela indlela; ngaphezu kwalokho, uma lawo mazinyo amkhulu wesihogo azakuvuleka kakhulu emilomeni ngaphambi kwakho, yazi kodwa, ndodana yami, ukuthi zonke lezi zinto zizakukunikeza isifundo, futhi zizakuba usizo kuwena.

"Indodana yeNdoda iyehlele phansi kubo bonke. Kanti wena awumkhulu na ukwedlula yena? (D&C 122:7–8).

Unkulunkulu usinekeze okwedlulele ukusiza ukususa ukwesaba futhi kusinikeze isibindi, noma ingaba ikuphi esingahlangabezana nakho empilweni. Njengoba sifuna usizo Lwakhe, Yena angasiphakamisa ukusondela duzane kuleyo mpilo engunaphakade esiyifunayo.

---

**UKUFUNDISA NGALOMLAYEZO**

UJesu Krestu, uThisha Omkhulu, uhlala ebuza imibuzo ukugqugquzela abantu ukuba badlinze futhi basebenzise lemithetho Yena ayifundisile. . . . Imibuzo Yakhe yagqugquzela umcabango, ukufuna umphefumulo, futhi nokuzibophezela" (*Fundisa, Alukho Ubizo Olukhulu* [1999], 68). Cabanga ukwenza futhi ubuze abambalwa imibuzo ukusiza omunye nomunye ukuzwisiza futhi ukusebenzisa amaqiniso ukufundisa kulomlayezo. Isibonelo, ungabuza ukuthi, "Uluphi usizo uNkulunkulu alinikeze wena ukususa ukwesaba futhi ukunikeza wena isibindi?" noma "uNkulunkulu ukusize kanjani wena ukwehlula ukwesaba kwakho?" Gqugquzela omunye nomunye ukuba badlinze ezimpendulweni zabo ngaphambi kokuba baphendule.

## ULUSHA

### Akekho umuntu Olunge ngokudlulele

**Ngu Shauna Skoubye**

Njalo ngangifisa ukuba njengo Nifayi: ukulalela ngokuqinileyo, ukukholwa kakhulu, futhi ukubangcwele ngokuphelele. Emehlweni ami uNifayi wayeyisibonelo esiphezulu sokulunga. Izinto ezimbalwa zafaka isicelo kimina ukwedlula umcabango wokukhula ukuba njengaye—noma okungenani kwaqala ukuba nohlangothi lwakhe lobuhlakanipha.

Ngolunye usuku ngaba nenkinga encane, eyabangwa imizwa engaphelele. Nganginezifiso futhi namaphupho amaningi. Kepha azange ngibonakale ngiyandawo. Ezinyembezini zethemba elingasekhoyo, Ngatshengisa lemizwa kubaba wami. Wasukuma masishane, wase ehamba eya ekasini lezincwadi, futhi wakhipha elinye lamakhophi Encwadi kaMomoni. Ngaphandle kokuba asho igama, wayivula 2 Nifayi 4 futhi waqala wafunda ivesi 17.

Ukubanda kwadlulela emzimbeni wami njengogesi njengoba Ngilalela lamazwi anamandla: "O ndoda engajabulile eyimina!" Imicabango yami yagijima. Kanjani uNifayi, umqobi wami futhi oyisibonelo, athi yena "wayengajabulile"? Uma wayengajabulile, lokho kwakungenzenjani mina?

Futhi, ugesi wagijima kimina njengoba ubaba wami efunda ivesi 28: "Vuka, mphefumulo wami! Ungabe usahlala esonweni." Kwezwakala kimina sengathi amafu amnyama engqondweni yami asukile futhi avulela ukuveza ukufudumala futhi ubuhle obesibhakabhaka esiphuzu kanye nelanga elikhanyayo. Kunzima ukuchaza indlela leli vesi elakhanyisa umphefumulo wami. Ambalwa amavesi encwadi yenkolo agcwalisa mina ngethemba elikhulu, ukugqugquzeleka, futhi nenjabulo njengoba leli lenza.

Evesini 30, uNifayi washo okuyikona engangikucabanga, kuphela ngamazwi anamandla kakhulu: "Umphefumulo wami uzakujabula kuwena, Nkulunkulu wami, futhi dwala lwensindiso yami." Lelivesi leza nemizwa yokuthula futhi nokubonga kozwelo oluthambe lweNkosi kanye nothando.

Ubaba wami wavala incwadi futhi wachaza ukuthi lamavesi ngesinye isikhathi abizwa ngamahubo kaNifayi. Wase efundisa kancane mina ukuthi nabantu abakhulu emhlabeni abalungile ngokupheleleyo, futhi lababantu kumele bakwazi ukubona ukungalungile ngokupheleleyo kwabo noma bazakuba nokuzikhukhumeza futhi, bangabi bakhulu.

Ngazwisisa. Ngoba Ngaginobuthakathaka kwakungasho ukuba ngangingakwazi ukufana noNifayi. Ukubona ubuthakathaka bami kwangisondeza eduzane kwesimo sikaNifayi. uNifayi wayemkhulu ngokuba, futhi wayelalela futhi enokholo, wayezithobile futhi wayezimisele ukuvuma amaphutha akhe.

Kusukela kulesosifundo, Ngiwathandile lamagama akhe uNifayi. Ngasosonke isikhathi ngiwafunda, Ngithola isifundo sokujabula esifanayo kanye nokugqugquzeleka okufanayo njengesikhathi sokuqala Ngiwafunda wona. Lamavesi acula ngaphandle kimina ukuthi ngiyindodakazi kaNkulunkulu, nginekhono elidlulele umcabango wami. Ngiyazi ukuthi uma ngikholwa futhi ngiphushela phambili, izibusiso ezingakatshelwa zisesitolo.

## IZINGANE

### Izipho Ezisinekeza Thina Isibindi

Umongameli uEyring usitshela ngezinye zezipho ezimbalwa ezisinikeza isibindi. Funda incwadi yenkolo ngayinye ngaphansi, futhi ubhale igama lesipho engxenyeni engabhaliwe. Khuluma nomndeni wakho ngokuthi kanjani lesosipho singakunikeza isibindi.

1. Izenzo 22:16 ______________________________
2. 2 Nifayi 4:15 ______________________________
3. D&C 59:8–9 ______________________________
4. 2 Nifayi 32:5; Johani 14:26–27 ______________
5. 1 Thessalonians 5:17 _______________________

© 2009 ngabakwa Intellectual Reserve, Inc. Wonke amalungelo agciniwe. Ubhalwe eUSA. IsiNgisi esivunyelwe: 6/09. Ukuhumsha okuvunyelwe: 6/09.
Ukuhumsha ko *First Presidency Message, uMashi 2010*. Zulu. 09363 783

# Ukuqinisa Ukholo kuNkulunkulu uBaba futhi uJesu Krestu ngokuFunda Umbhalo Ongwcele Wakho

*Ngomthandazo fundisa lemibhalo kanye nokucashuniwe noma, uma kudingeka, umthetho omunye ozobusisa odade labo obavakashelayo. Beka ubufakazi bakho ngemfundiso yobuKrestu. Mema labo obavakashelayo ukuzo kwabelana ngalokho abakuzwile nabakufundile.*

"Ngenkathi Ngisengumakoti omusha, . . . Ngamenywa kwisidlo sasemini kubobonke odade Benhlango Yomame Ekhululekileyo ewadini yami abafunde okunani Incwadi kaMomoni noma incwadi imfishane Yomlando Webandla. Ngiyengaba nokunethezeka ekufundeni kwami umbhalo ongcwele, bese Ngavumeleka ukuya eluncheon ngokufunda incwadi emfishane ngokuba yayilula futhi yathatha isikhathi esincane. Njengoba ngangidla isidlo sami sasemini, Ngabanomuzwa onamandla ukuthi noma incwadi yomlando kwakuyiyona eyayilungile, Ngabe ngafunda Incwadi kaMomoni. Umoya Ongcwele wawufuna ukuba ngishintshe indlela engifunda ngayo umbhalo ongcwele. Lelosuku Ngaqala ukufunda Incwadi kaMomoni, futhi Angizange ngayekela. . . . Ngokuba Ngaqala ukufunda imibhalo engcwele ngosuku nosuku, Ngafunda ukuba uBaba wami Wasezulwini, Indodana Yakhe uJesu Krestu, futhi engikudingayo ukukwenza ukuze ngifane Nabo. . . .

Wonke owesifazane angaba umfundisi wemiyalelo yevangeli ekhayeni lakhe, futhi wonke udade eSontweni udinga ulwazi lwevangeli njengomholi futhi nothisha. Uma njengamanje ungakakhi indlela yokufunda imibhalo engcwele ngemihla ngemihla, qala manje futhi uqhubeke ufunde ukuze uzilungiselele umsebenzi wakho kulempilo futhi nakunaphakade."[1]

***uJulie B. Beck, uMongameli Jikelele Wabesifazane Abakhululekileyo.***

"Isifundo semibhalo engcwele sizakusiza ubufakazi bethu futhi nobufakazi bamalungu emindeni ethu. Izingane zethu namuhla ziyakhula zizungezwe ngamazwi abaluleka ukuba bayekele lokho okulungile futhi balendele, endaweni yalokho, ubumnandi bezwe. Ngaphandle kokuba banesiqalo esiqinileyo kwivangeli likaJesu Krestu, ubufakazi beqiniso, futhi ukuzimisela ukuphila impilo elungile, basengozini kulezimfundiso. Kungumsenzi wethu ukuqinisa futhi sibavikele."[2]

***Umongameli uThomas S. Monson.***

"Sifuna odade bethu babengaba fundi bemibhalo engcwele. . . . Udinga ukwazana neqiniso lakhe elingunaphakade ukuba uphile kahle, futhi nomsebenzi wokufundisa izingane zakho futhi nabanye bonke abeza emfundisweni yakho."[3]

**USIZO KOTHISHA BOKUVASHA**

Ngesikhathi sokuvaksha kwakho, phendula lemibuzo futhi wabelane nokuqukethwe ngokusebenzisa imibhalo engcwele. Beka ubufakazi ukuba kuza kanjani ukufunda imibhalo engcwele iqinise ukholo lwakho. Buza udade omvakashelayo ukuba abelane ngokuba kuza kanjani ukufunda imibhalo engcwele iqinise ikhaya lakhe futhi nomndeni.

**UKUZILUNGISELELA NGOKWAKHO**

uJohane 5:39
2 uThimothi 3:14–17
2 uNifayi 9:50–51; 31:20; 32:3–5
D&C 138:1–11

"Sifuna amakhaya ethu abusiseke ngodade abangaba fundi mbhalo ongcwele—noma awushadile noma ushadile, usemusha noma ukhulile, ungumfelokazi noma uphila emndenini. Yibani ngabafundi bemibhalo engcwele—ningababeki abanye phansi, kodwa nibaphakamise phezulu![4]

***uMongameli uSpencer W. Kimball (1895–1985).***

**AMANOTHI**

1. uJulie B. Beck, "Umphefumulo Wami Ujabulile Embhalweni Ongcwele," *Liahona,* uMeyi 2004, 107–9.
2. uThomas S. Monson, "Izifiso Ezintathu Ezizakuhola," *Liahona,* Nov. 2007, 118.
3. uSpencer W. Kimball, "Amalungelo futhi Imisebenzi yoDade," *Ensign,* Nov. 1978, 102.
4. uSpencer W. Kimball, "Indima Yowesifazane Olungeleyo," *Ensign,* Nov. 1979, 102.

© 2009 ngabakwa Intellectual Reserve, Inc. Wonke amalungelo agciniwe. Ubhalwe eUSA. IsiNgisi esivunyelwe: 6/09. Ukuhumsha okuvunyelwe: 6/09. Ukuhumusha ko *Visiting Teacher Message, uMashi 2010.* Zulu. 09363 783